



# Umzimba omkhulu weNdlouu

IsiZulu

Harold Gondwe



# Umzimba omkhulu weNdlouu

Ibhalwe ngu Harold Gondwe  
Kufanekiselwa ngu Karen Ahlschläger



Kuhunyushwe ngu Samkelisiwe Nyathi



Kudala, uNdlovu wayeyinkosi yazo zonke izilwane. UNdlovu wayenolaka olufushane kakhulu. Zonke izilwane zazimesaba uNdlovu.

Izwi elilodwa elivela kwiNdlovu lalufaka ukwesaba kuzo zonke izilwane.

Ngaleso sikhathi uNdlovu wayengenawo umzimba omkhulu. Umzimba wakhe wawulingane kahle, ubukhulu bakhe babulingana neNgonyama.



Njalo ekuseni zonke izilwane zazihamba zizingela ukudla ezizokudla.

Njengazo zonke izilwane, uNdlovu naye wayehamba ayozingela ukudla ewayekudla kanye nomndeni wakhe.

Kwakuhlala kuningi ukudla emzini wakhe, kwakungasweli lutho.

Ngelinye ilanga uNdlovu wavilapha. Wabe esezitshela ukuthi: “Ngiyinkosi yazo zonke izilwane, kodwa ngiyahamba ngiyozingela ukudla njengazo zonke ezinye izilwane. Lokhu kumele kuphele. Zonke izilwane kumele zingilethele ukudla lapha endlini yami.”



UNdlovu wase ebona ukuthi uma engasheshi aqhamuke necebo, uzofa kanye nezingane zakhe ngenxa yendlala kwazise wayesevilapha kakhulu.

UNdlovu ube eseqhamuka necebo. Wahleka yedwa, wazwakala ethi: “Uyabona icebo lami lizokwenza isiqiniseko sokuthi angihambi ngiyozingela isikhathi eside.”

UNdlovu wabe esebiza isisebenzi sakhe, uNogwaja.





UNogwaja weza phambi kukaNdlovu wathi:  
“Sengifikile Nkosi yami, ngingakusiza ngani  
namuhla?”

UNogwaja wayemesaba kakhulu uNdlovu  
ngoba wayazi ukuthi uma enze iphutha,  
uNdlovu wayengananazi ukumpitsha  
izindlebe zize zophe.

“Kuzoba khona indlala kulobukosi, sizoba  
nesomiso isikhathi eside, akukho okuzokhula.  
Zonke izilwane kumele zilethe ukudla endlini  
yami ukuze ngikugcine khona.” kusho uNdlovu  
ngezwi eliphansi.

“Yini lena ofuna ngiyenze Nkosi yami?”



“Ngilalele kahle Nogwaja. Ngiyazi ukuthi izindlebe zakho azizwa kahle. Uma wenze iphutha sizoxabana kakhulu.”

“Ngikuzwa kahle Nkosi yami. Ngeke ngilenze iphutha.”

“Ngizobuya ngokushesha, ngiyakwethembisa.”  
Kusho uNogwaja ebaleka ngesivinini.

“Bakwethu, iNkosi yethu; uNdlovu uthi, kusukela kusasa, kufanele sihambise ukudla kwethu endlini yayo ngoba kuza indlala, kanti nesomiso siyeza, ngakho-ke, iNkosi ifuna ukusigcinela ukudla.”

UNogwaja wagijima embusweni  
wonke wazisa izilwane ngomyalezo  
weNkosi kuzo.



UNdlulamithi wavele  
wathi: “Hamba uyotshela  
iNkosi yakho ukuthi  
ngeke ngilambe ngoba  
kunezihlahla eziningi.”

“Ngivumelana nawe  
Ndlulamithi,” kusho  
uMpungushe.



“Hhayi bo! Iyinkinga le Nkosi. Singakugcina kalula ukudla kwethu ezindlini zethu.” kusho uMpisi ngolaka.



Nami ngivumelana nawe mgani wami, singazigcinela ukudla kwethu.” Kusho i-Nyamazane.

“Angeke ngikwenze lokho, angiyi lapho,” kusho iBubesi liqhubeka nokudla inyama yalo.





Ezinsukwini ezimbalwa, indlu kaNdlovu  
yagcwala ukudla. Wahleka yedwa uNdlovu  
ebona ukuthi icebo lakhe selisebenzile.

Waqala ukudla noma yini ayithandayo,  
kungaba inyama, izithelo, imifino,  
phezukwalokho, ephuza akuthandayo.

Ngokungazi, umzimba wakhe wabamkhulu,  
imilenze nezindlebe zakhe nazo zakhula  
kakhulu ngokushesha okukhulu.





UNdlovu wabona ukuthi wenze iphutha,  
ngakho-ke, ngezikhathi ezithile  
wayezivocavoca ukuze aqiniseke ukuthi  
umzimba wakhe awukhuli ngobungakho.

Naphezu kwalokho, umzimba wakhe  
waqhubeka waba mkhulu kakhulu.

UNdlovu wazwakala ekhuluma yedwa ethi:  
“Ngenze iphutha elikhulu, manje sekumele  
ngidle amaqabunga kuphela, ngiyeke ukudla  
konke okunye ukuze umzimba wami unciphe.”

UNdlovu wayegcwele ukuzisola, ngeshwa  
umonakalo wawusuvele wenzekile.



UNogwaja wabona ukuthi kukhona okuhambi kahle ngeNkosi yakhe.

Wabe esebuza: “Nkosi yami, awuphilile yini?”

“Ngibukeka ngigula yini kuwe? Nogwaja, ungangithukuthelisi. Awunawo yini umsebenzi ongawenza lapha ekhaya?” kuphendula iNkosi.

“Cha Nkosi yami, ngiyakubona nje ukuthi umzimba wakho ukhula usuku nosuku,” kusho uNogwaja.



Ngingakusiza ngemithi yokhwehlia isisindo, iyasebenza kakhulu.” kusho uNogwaja ehleka ngasese.

“Angishongo ukuthi ngidinga usizo lwakho Nogwaja, uyangizwa!”

“Ngingakunika imithi kuphela uma unganginika lokhu engikufunayo.” kusho uNogwaja ehlela ukudukisa uNdlovu.



Ngokucasuka uNdlovu wamphendula wathi:  
“Suka kimi, ngingakakubulali. Lona umzimba  
wami, angazi ukuthi ukhathazeke ngani.”

‘Bengifuna ungenze iNkosi inyanga  
eyodwa ube udla imishanguzo yokwehlisa  
isisindo sakho.”

“Ngekhe kwenzeke lokho!” kusho uNdlovu  
ezama ukubamba uNogwaja.  
UNogwaja wagxuma.

“Ngeke ungibambe, khumbula ukuthi umzimba  
wakho ukhule kakhulu,” kuphendula uNogwaja  
ehleka.





“Uyalayeka wena Ndlovu, awunamuntu ongamsola ngaphandle kwakho ngoba uyavilapha. Buka ukuthi unjani manje,” kusho uNogwaja eqhubeka nokubhuqa uNdlovu.

UNdlovu wazithulela ngoba ebona ukuthi, ayikho into angayenza ngaphandle kokudla amahlavu.

UNdlovu wayethemba ukuthi ngokwenza lokhu, isisindo somzimba wakhe sizonciphisa.

Ngeshwa, kuze kube namuhla, ubukhulu bomzimba wakhe abukancishiswa.

# UKUBONGA

**Ibhalwe ngu**

Harold Gondwe

**Kufanekiselwa ngu**

Karen Ahlschläger

**Mhleli**

Mavis Ndlovu

**Umkلامي**

PixelPing Design

**Umhumushi**

Samkelisiwe Nyathi

**Umqinisekisi Wekhwalithi**

Patricia Siweya



ISBN 978-0-638-00755-8



**basic education**  
Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

